



INGEDE

February 2009, Vol. 12, No.1



ASIGWEME UKUDLULISELWA KOMOBA OVUTHIWE ONYAKENI OLANDELAYO

Sekuyileso sikhathi sonyaka futhi lapho abalimi nosonkontileka kumele baqale bakhulume ngokuthi ngabe umoba uzoya kanjani esigayweni/emshinini.

Esikhathini esiningi uthola ukuthi abalimi nabeluleki basebenza ngokuzimisela ekukhiqizeni umoba omuhle kodwa uma sekuziwa ekuhlahleni uthola ukuthi umoba uhlahlwa ebese ungahanjiswa esigayweni ngenxa yokungabibikho kosonkontileka. Abanye abalimi bagcina sebeshiye phansi indaba yokutshala umoba ngoba babona kuwumdlalo ukutshala umoba ogcina ungafinyeleli esigayweni.

Balimi niyacelwa ukuthi niqale nenze izilinganiso zomoba ozothunyelwa emshinini, lezozilinganiso ziyozenzhiswa ukuthola:

- Isibalososonkontileka abazodingeka endaweni okuyo.
- Isabelo sakho sansuku zonke emshinini.
- Ukuze inkampani yabadonsi bohomu/bamaloli ikwazi ukubala ukuthi mangaki amaloli azokhishwa endaweni yangakini.

Uma indawo yakho ingaphansi kwama Hektha amabili kuyancomeka ukuthi umlimi azenzele yena wonke umsebenzi epulazini lakhe kunokuba acele usonkontileka ukuthi enze umsebenzi, Uma umlimi ezenzela yena umsebenzi lokho kuyamsiza ukuthi anciphise izindleko njengoba sazi sonke ukuthi ukuqasha abasebenzi kuyabiza.

Kuyancomeka ukuthi uma kwensiwa izilinganiso lam-aqembu alandelayo ahlale phansi ndawonye axoxe ngokuthi izinhlelo ngabe zizohamba kanjani: Ikomidi labalimi besigayo (MCC), Abagayi, Abeluleki abehlu-kahlukene, Omabhalane basemaZonini/basezilengeni kanye nabamele izinkampani zabadonsa ngamaloli.

Wonke amasimu okufanele ahlahlwe kuqala kufanele ukuthi wonke lamaqembu avumelane ngawo, ozihlalo

bamakomidi kufanele benze umsebenzi obalulekile wokuhlanganisa yonke imisebenzi okudingeka yenzive, njengokuhlela amasimu azohlahlwa ngokulandela uhlu olusuke Iwakhiwe, ukubheka ibanga nokuqinisekisa ukuthi zonke izinto ezidinga ukusayinwa ngabe zisayiniwe yini.

Ngaphambi kokuba kwensiwe umsebenzi, kuyomele umlimi kanye nosonkontileka bobabili basayne inkontileka yesivumelwano eyothinta intengo, ibanga kanye nesimo somsebenzi ozokwenziwa.

Osonkontileka kumele baqinisekise ukuthi imishini yabo iseizingeni nasesimweni esifanele sokusebenza, uma kungenzeka kufanele yonke imishini ilungiswe kahle ngaphambi kokuhlahla. Ngakolunye uhlangothi, balimi kumele niqikelele ukuthi amasimu enu awanalо ukhula, kukhona imigwaqo, izivimbamlilo nanokuthi nibe khona ngenkathi usonkontileka ehlaha.

Balimi niyacelwa ukuba niqale ukuhambisa umoba emshinini ngosuku lokuqala Iwesabelo sakho sansuku zonke, ngoba uma ningakwenzi lokho ngeke nize nikwazi ukuwuthutha wonke umoba ngesikhathi, lokho okuyokwenza ukuthi umoba uze udlulele onyakeni ozayo kuge kungafanele.

Bosonkontileka qinisekani ukuthi ninomthamo wamathani omningi ngokwanele ukuze nenze ibhizinisi lenu lisimame ngaphandle kwalokho nizolahlekewa. Ngokufanayo nojibha/izilenge (cranes) kumele nawo wenze umthamo omkhulu womsebenzi ukuqinisekisa ukuthi akusizona izindleko ukuwusebenzia.

Bosonkontileka, sibe nazo izifundo zenu, sikhombisenike ukuthi ningawenza umsebenzi wenu.

Ngobufishane bebanga ukuthutha usuka ensimini uya ezonini, wenza umthamo omkhulu womsebenzi kanjalo futhi kuncipha nezindleko zokukhanda ugandaganda.

Ngu Thulani Masondo

UKUVAKASHELA KONGQONGQOSHE ENDAWENI YAS' ESHOWE

Ngu Thulani Masondo

Umhlaka 24 kuMfumfu (October) kwabe kungusuku lokuzigqaja endaweni yakwaZulu eShowe, eyaba sethubeni lokuvakashela ongqongqoshe ngenkathi kwethulwa izinhlelo zemisebenzi (amaprojekthi) eyahlukahlukene phakathi kwayo okubalwa uhlelo lokuthuthukisa abalima ngokuncane baseMlalazi.

Ngenhloso yokulwa nobubha kanye nokuqinisa ezomnotho, laba abalandelayo abasebenza ngokubambisana bakhe umfelandawonye wokuqhuba umsebenzi. Umnyango wezokuthuthukisa koMnotho kusetshenziswa uhlelo lukaGijima, Umnyango weZolimo neZemvelo, Tongaat Hullet Sugar, Isikhungo sezocwaningo somoba u-SASRI, Inhlangano yabalimi bakamoba baseMzansi Afrika u-Canegrowers, uhlelo lokuthuthukisa abalimi ezindaweni zasemaphandleni u-LIMA, umasipala waseMlalazi kanye nemifelandawonye emine kamoba.

Labo abahlanganyele kulemifelandawonye baqale ukuthuthukisa amahekhta angamakhulu amathathu



Abanye bongqongqoshe ababevakashele Eshowe (loludaba luqutshwe ekhasini lesithathu).

IMBEWU YOMOBA

Kubalulekile ukuba abalimi bazi ukuthi ukhiye wokuqinisekisa ukuthi isimoba siyakuzuzisa futhi sihlala isikhathi eside, kuqala ekusebenziseni imbewu yomoba egunyaziwe eseqophelweni eliphezulu. Njengoba sazi ukuthi umoba siwutshala ngezingoqo ngaleyondlela ithuba lokwanda / lokusabalala kwezifo liphezulu kakhulu.

Iyini imbewu esezeni / eqophelweni eliphezulu

Imbewu eseqophelweni eliphezulu,

- ethengwe/thathwe kubakhqizi bayo abagunyaziwe
- engenazo izifo nezinambuzane
- ebilisiwe ngamanzi (ephekiwe)
- engaxubile (ewuhlobo olulodwa lomoba)
- enezimpawu zokuhluma kahle

Njengoba imbewu yomoba eqinisekisiwe iyindlala kangaka, abalimi bayakhuthazwa ukuba bazikhqizele eyabo imbewu esezeni ngokuthi basungule imibhede yembewu / izinkulisa-mbewu. Ngokunjaloke kunemigomo ebekiwe edinga ukulandelwa nokuhlonishwa ukuze leyombewu ikhqiqizeke ngendlela efanele nokuyiyo:

- Insimu ezosetshenzisela ukukh iqiza imbewu kumele ingabi namoba sanhlobo okungenani isikhathi esingangezinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba itshalwe lembewu
- Lendawo kumele iholwe abeZifo neziNambuzana zomoba (P & D) bangakini okungenani kibili kulezinyanga eziyisithupha.
- Umlimi kumele aqikelele ukuthi amavolontiya (umoba omila ngokunghoso) uyawasusa ngasosonke isikhathi
- Isampula lomlabathi kumele lithathwe lithunyelwe kwa-SASRI ukuze kufakwe umanyolo ofanele
- Yenza isiqiniseko sokuthi imbewu ozoyisebenzisa eqinisekisiwe futhi iphekiwe
- Ezindaweni eziniselayo, qinisekisa ukuthi izizinda zokunisela zisesimweni sokusebenza futhi nomoba awukhan-dekile.

• Qinisekisa ukuthi abakwa Pest & Diseases bayazihlola lezifo ezilandelayo emobeni okhulayo kuleNkulisa-mbewu yakho

- Ixiwumba (smut), umabalaba (mosaic), olunye uhlolo lomoba (offtype) - ezinyangeni ezintathu

- Ixiwumba (smut), umabalaba (mosaic) olunye uhlolo - ezinyangeni eziyisithupha

- UMbasha (RSD) ezinyangeni eziyi-8

• Ungalokothi ugcwalise izikhala esimobeni sakho esiyimbewu ngembewu eqhamuka noma ethathwe kwenye indawo / kunanoma ikuphi ngoba loku kungalimaza isithunzi nokuthembeka komdayisi wembewu eqinisekisiwe oyithenge kuye le efanele.

• Inkulisa-mbewu yakho kumele iholwe ngokujwayela ukuze uqunisekise ukuthi izifo nohlobo oluhlukile uma kutholakala kuyambiwa kulahlwe ngendlela okuyiyo.

• Ukwenza izinto ngesikhathi sazo esifanele kubalulekile kakhulu.

• Enyakatho lakunenkasa khona ubudala bembewu esilungele ukutshalwa kumele ibe nezinyanga eziyi-8 kuya kweziyi-10

• Lakunganiselwa khona kumele ibe nezinyanga eziyi-12 kuya kweziyi-15 kanti maphakathi nezwe (Midlands) bangayisebenzisa ngisho esifinyelele ezinyangeni eziyi-18

Isimo esifundazweni sas'eMpumalanga

IMpumalanga indawo eniselwayo kanti ngonyaka ka-2007 kuya koka 2008 kuhlasele kanzima isifo ISIWUMBA (smut) kangangokuthi amasimu amangi kuphoqiwe ukuba abulawe.

Njengoba kudingeka batshale kabusha inkinga ekhona ukuthi azikho izinkulisa-mbewu ezinembewu eqinisekisiwe abanokuyisebenzisa. Zikhonake izinhlelo zesikhashana esezeniwe ngokubambisana nabakwa P&D zokuthi kusethenziswe itshalo elisesimweni esihle/ngcono njengembewu. Itshalo elosethenziswa komele kube ilelo elihlolive izigaba ezintathu kulezifo - ixiwumba (smut), umabalabala (mosaic) kanye nombasha (RSD). Khona kun-

jalo, kumele bakhumbule abalimi ukuthi abakwa P&D bancoma kusethenziswe imbewu yomoba eqinisekisiwe. Umlimi osebenzisa imbewu engahlolwanga abakwa P&D, kumele azi ukuthi loko kunobungozi kuye futhi kunganemiphuma-mela emibi. Kuyabonakalake ukuthi ubungozi namathuba makhulu okuthi abalimi kulendawo kulesisimo bangatholakala besebenzisa imbewu enezifo lokoke okungaholela esivunweni esibi nenuzzo engeyinhle.

Izinhlelo zalonyaka (2009) eMpumalanga

- Ngokwezinhlelo eziphuthumayo, umshini wendawo (TSB) ususungule inkulisa-mbewu elinganiselwa kuma-Hektare angama-60 (60ha) okuzothi ngo-Nhlangulana (June) / Ntulikazi (July) abalimi abalima-ngokuncane (ssg) bakwazi ukuthola khona imbewu eqinisekisiwe.

• Sekwakhiwe isivumelwano nabaCwaningi (iDu Roi laboratories) base-Tsaneen ukuba basilethele noma kutholakale kubo kulonyaka izithombo zomoba ezakhiwe ngesicubu somoba (tissue culture plantlets). Noma loluhlobo Iwalezithombo zinokubiza kakhulwana kodwa okuhle ngazo ukuthi zikhizwya endaweni evikelekile enganazifo ngaleyondlela azidingi ukuphekwa ngoba azinazifo sanhlobo. Ngokomnotho, kubukeka sengathi loluhlelo lunekusasa elihle futhi eli-qhakazile.

Xhumana nomeluleki wakho wezolimo noma nabakwa P&D ukuze uthole izaluleko nosizo ekusungulweni kwezi-Nkulisa-mbewu zomoba nasekutholakaleni kwembewu eqinisekisiwe.

Ibhalwe ngu Bongi Bhengu

UHLELO LUKAMANYOLO LOKUXHASA ABALIMI BAKAMOBA

Inhangano kashukela yaseMzansi Afrika u-SASA kanye noMnyango weZolimo neMvelo (DAEA) baxoxisene bavumelana ukuthi kubenohlelo lokuxhasa abalimi bakamoba abalima ngokuncane ngomanyolo.

Isamba semali eyizigidi ezingamashumi ayisithupha (R60 million) ihlelelwu ukusiza abalimi abakhethiwe okuyilabo abafake umoba wabo emshinini/esigayweni ngonyaka odlule (2008) kuphela. Abazosizakala ilabo abafake amathani asukela emakhulwini amabili (200) kwehla (ISIGABA SOKUQALA) nalabo abasukela emakhulwini amabili nanye (201) kuya ezinkulungwane ezinhlanu (5000 tons) (ISIGABA SESIBILI)

Isivumelwano sithi – umlimi uyoniwa umanyolo futhi kuqinisekisiwe ukuthi uya-fakwa ensimini ukuze umkhqizo womoba ozofakwa emishinini/esigayweni kulonyaka ka - 2009 ungehli futhi unyuke

Inkontileka yesivumelwano ibeka ngokuqondile futhi icacisa ngokusobala izibopho zabo bonke ababandakanyekayo kuloluhlelo, loku kuthinta ukubhekana nokwenziwa kokungafanele/okungekho emthethweni. Abalimi abavuma ukuzifakela bona ngokwabo umanyolo basayinda phansi umuntu ezethwesa ukuthi uma kutholakala ukuthi umanyolo anikezwe wona akawufakanga ensimini, imali yavo iyobanjwa emobeni oyothunyelwa emshinini.

Umanyolo onikwa abalimi kuloluhlelo i-1:0:1 (48) kuphela futhi kufanele ukuthi wonke umanyolo ube sewufakiwe emobeni ngokuphela kukaNhlolanja kulonyaka (February 2009).

Abagai/abemishini kanye nabalimi njengamalungu enhlangano kaShukela u-SASA babonga kakhulu eMnyangweni weZolimo neMvelo waKwa-Zulu Natal ngaloluhlelo lukamanyolo, okungangabazeki ukuthi luzoba nomthelela omuhle futhi omkhulu ezimpilweni zabalimi abalima ngokuncane.

FERTILISER SCHEME FOR SUGAR GROWERS

The South African Sugar association (SASA) and the Department of Agriculture and Environment affairs (DAEA) have negotiated a fertiliser support scheme for small-scale sugar growers.

The R60 million support is intended for selected farmers who last season delivered up to 200 tons of cane (Scheme 1) and those who delivered between 201 and 5000 tons (scheme 2).

The agreement provide for the supply and application of fertiliser for sugarcane crops to sustain and increase the production of cane to be delivered to sugar mills in 2009.

The contract agreement is very specific and clearly outlines the obligations of all parties involved, including accountability for undue practice. Growers who agreed to self application have signed an undertaking that if it is found that the supplied fertiliser was not applied, the value thereof can be recovered from sugarcane deliveries.

The fertiliser is 1:0:1 (48) and it is required that all the fertiliser be applied at the latest by the end of February 2009.

Millers and Growers as members of SASA are extremely grateful to the Kwa-Zulu Natal department of Agriculture for this initiative, which will undoubtedly have an enormous positive effect on the livelihoods of small-scale sugarcane farmers.

IZILINGANISO ZESIVUNO SOMOBA

Kubaluleke ngani ukwenza isilinganiso sesivuno somoba?

- Ukuze abomshini bazi umthamo/ubungako bamaThani omoba abazowugaya kulowonyaka
- Ukuze abomshini bakwazi ukungathekisa ubude besikhathi sokuvula/gaya komshini ukuze wonke umoba olindelekile ugayeke.
- Ukuze umlimi qobo lwakhe azi umthamo womoba azowuyisa emshinini kulo-wonyaka.

Uwalinganisa kanjani amathani omoba wakho?

- Ngokusebenzisa imininingwane egciniwe

Uma ugcina kahle imininingwane yakho, uyokwazi / uyothola kalula ukuthi insimu yakho ikhipe izinqola ezingaki eminyakeni edlule. Ube ke usuqhathanisa ukuthi insimu yakho ibukeka kanjani manje kunakwiminyaka edlule ngaleyondlela usungaba nesithombe ukuthi manje ingakhipha amathani amangaki kunalawo angeminyaka edlule.

- Ngokolwazi nesipiliyon sakho

Ngokujwayelekile umoba obude bawo bufika okhalweni (waist) ukhipha amathani angama-50 ngeHektare.

- Ngokukala ubude bogoqo lomoba ensimini

Kala ubude bogoqo lomoba oluphakathi ngobude ensimini yakho ngokusebenzisa ibhande lokukala ubude (tape measure) usuke maqondana nomhlabathi kuya lakunqunywa khona ithophisi phezulu besekuthi lobobude obutholayo ubuhukanise ngo 2 noma kibili. Isibonelo – uma ubude obutholile bube ngu 76cm, hlukanisake u 76 ngo 2/kibili (76 ÷ 2) loku okukunika u-38. Loku kusho ukuthi leyonsimu yakho ingakhipha amathani angama-38 ngeHektare.

Kune-Thebula elihlelw abakwa-SASRI ukuba likusize ekufakeni izinezelo njengoba sibona ngezansi.

- Ngokukala isisindo sezingoqo zomoba ensimini

Lendlela yokulinganisa isivuno ithanda ukubanzinyana kanti futhi idinga ukuthi ugawule izingoqo zomoba ensimini, uzinqume amathophisi, uzkale isisindo bese ulinganisa ubuningi bezingoqo zomoba ezingakhona ensimini. Yinyo lendlela eyenza isilinganiso esithembekile kakhulu kunezinye kodwa ke siyancoma kakhulu ukuthi uthintane nomeluleki wakho mayelana nalendlela.

Ukfaka isinezelo (adding the increment) Uma wenza isilinganiso, usuke ungathekisa ukuthi mangakanani amathani omoba kuleyomu ngalesosikhathi noma ngalolosuku osuke wenza ngalo izilinganiso.

Uma wenza isilinganiso namuhla kodwa ube wazi ukuthi leyonsimu uzoyihlahla ezinyangeni ezinthathu kusuka namuhla, ngaleyondlella udinga ukunezela ngamathani athize kwisilinganiso sakho njengoba lomoba usuku usazokhula izinyanga ezintathu.

Isibonelo sokusetshenziswa kwe-Thebula lezinezelo elingenhla

- Akesithi wenza isilinganiso ngo Ntulikazi (July).
- Ngaleyangya umoba wakho usunezinyanga eziyishiyagalombili (8) ubudala ngoba wawuwuhlahle ngo Lwezi (November) ngonyaka odlule.
- Isilinganiso ositholayo esamathani angama-32 ngeHektare (noma ngabe iyiphi indlela yokulinganisa oyisebenzisayo)
- Loku kusinika ukuthi umoba wakho ubukhula ngamathani amane ngeHektare ngenyanga (32tons ÷ 8months = 4tons/month)
- Lensimu uzophinde uyihlahle ngo Lwezi (November) isinezinyanga eziyishumi nambili.

- Ngakhoke ukulinganisa ukuthi lensimu yakho iyobe isinamathani amangaki ngo Lwezi (November), kudinga unezele noma ufake lamathani ozobe ukhula ngawo kusukela ku-Ncwaba (August) kuze kufike ku-Lwezi ozohlaha ngawo, njengoba sibona kukokeleziwe ngezansi eThebuleni.

Ngakhoke, ube usunezela esivunweni osilinganisile sika Ntulikazi (July) esiuw 32 wamathani ngamthani ozokhula ngawo ngo-Ncwaba (August), Mandulo (Sept), Mfumfu (Oct.) nango-Lwezi (November) okuyilawa – 0 + 1 + 2 + 5 = 8tons.

Ukwenza isinezelo, udinga ukusebenzisa leliThebula elingeza ngebenzise ibhokisi eliveza amathani amane (4tons) ngenyanga njengoba ubusubalile wathola ukuthi owakho umoba ubukhula ngamathani amane ngenyanga kulezazinyanga eziyishiyagalombili (8). (lapha usebenzisa ibhokisi elikhomba amathani umoba wakho okhula ngawo ngenyanga osuwabalile)

Ibhalwe ngu John Neen (SASRI)

Inyang (Month)	Amathani umoba okhula ngawo ngeHektare inyang ne nyanga (Growth increment in tons cane/ha/month)				
	3 tons per month (very low)	4 tons per month (low)	5 tons per month (moderate)	6 tons per month (high)	7 tons per month (excellent)
February	7	9	10	11	12
March	6	7	8	9	10
April	4	5	6	7	8
May	1	2	3	4	5
June	0	1	2	3	4
July	0	0	1	2	3
August	0	0	1	2	3
September	0	1	2	3	4
October	1	2	3	4	5
November	4	5	6	7	8
December	6	7	8	9	10
January	7	9	10	11	12
Totals	36	48	60	72	84

namashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili (378) bafaka imali engaphezu kwezigidi ezinhlanu (R5 Million).

- Ubambiswano:** amahektare ayikhulu namashumi ayisihlanu (150ha) – abahlanganye kulumsebenzi bayikhulu nanhlanu (105)
- Sabeka:** amahektare angamashumi ayisikhombisa nane(74ha) – abahlanganye kulumsebenzi bangamashumi amathathu nanhlanu (35)
- Obanjeni:** amahektare angamashumi ayisithupha (60ha) – abahlanganye kulumsebenzi bayishuminanhlanu(15)
- Mvutshini:** amahektare angamashumi ayisishiyagalolunye nane(94ha) – abahlanganye kulumsebenzi bangamashumi ayisithupha nanhlanu (65)

Ngesikhathi kwethulwa lemisenbenzi, unqongqoshe weZolimo neZemvelo, uMnumzane Mtholephi Mthimkhulu kanye nongqongqoshe weZasekhaya, eZezindlu neZendabuko, uMnumzane Mike Mabuyakhulu bagcizelala ukuthi abalimi bakamoba mabalungele ukuba ngabalimi abazimele uma uhulumeni esebanike izimali zokuqala izinhlelo zemisenbenzi (amaprojekthi), okumele lemisenbenzi ikwazi ukusimama esikhathini esizayo. Impumelelo yemisenbenzi incike ekuzimiseleni kwabaliyi bakamoba ukusebenza kanzima futhi belalela izeluleko zabeluleki babo kanye nababambisene nabo abasendaweni ukuzosiza bona abalimi.

Ungqongqoshe weZolimo neZemvelo uqhubeke wathi abalimi bangakwazi ukuthambisa nentengo ephezulu yokudla ngokutshala izitshalo ezizobanika ukudla njengengxene yohlelo lwabo lokulima. Ongqongqoshe uMthimkhulu noMabuyakhulu banikezele ngezitifiketi kulemifelandawonye emine kamoba ebhalwe ngenhla.

Ngalendlela isilinganiso sakho senyanga ozohlaha ngayouLwezi (November) sizoma kanje - 32tons + 8tons = 40am-athani (tons) ngeHektare.

Abomshini badinga izilinganiso ngo-Nholanja (Feb.) unyaka nonyaka baphinde futhi bacele izilinganiso ezintsha/ezibuyekeziwe nyangazonke besekuthi ngo Mandulo (Sept.) bacele izilinganiso zokugcina ezingungqq.

Ngakhoke abalimi bayanxuswa ukuthi benze isiqiniseko sokuthi izilinganiso ziyanziwa njalo ngokwesidingo ukuze izinhlelo zokuhlahla zihambe kahle.

Inyang (month)	Izinga lokukhula komoba ngeHektare inyang ngenyanga (growth rate (increment) tons cane/ha/month)				
	3 tons very low	4 tons low	5 tons moderate	6 tons high	7 tons excellent
February	7	9	10	11	12
March	6	7	8	9	10
April	4	5	6	7	8
May	1	2	3	4	5
June	0	1	2	3	4
July	0	0	1	2	3
August	0	0	1	2	3
September	0	1	2	3	4
October	1	2	3	4	5
November	4	5	6	7	8
December	6	7	8	9	10
January	7	9	10	11	12
Totals	36	48	60	72	84



UMNYANGO WEZOLIMO NEZEMVELO UZINIKELE EKUTHUTHUKISENI IZINHLELO ZEZOLIMO ZIKAMOBA

sikhungo sezocwaningo u-SASRI uthanda ukubonga Umnyango weZolimo neZemvelo nabasebenzi bawo ngokuzinikela ekuxhaseni izinhlelo zentuthuko (amaprojekthi) zabalimi bakamoba abalima-ngokuncane. Isamba esikhulu sezimali sifakwe umnyango weZolimo neZemvelo ukuqinisekisa ukuthi abalimi bakamoba bahlala besimamile ebhizinisini labo ngaphezu kwezimo ezingezinhle kwezomnotho nentengo ephezulu yezinsizakusabenza.

Ezinye zezinto ilezi:

- Umnyango weZolimo neZemvelo ubhekene nokunika abalimi usizo lwezimali zokubalekelela ngohlelo lomnyango weZomnotho likaGijima ukuze kuxhaswe izinhlelo zentuthuko zabalimi.
- Ukwakhiwa kohlelo lokusetshenziswa komhlaba.
- Babhekene nokuqasha abantu abangababonisi bomsebenzi lapho bedingeka khona.
- Babhekene nokuhlanganisa ndawonye bonke okubanjiswene nabo ezindaweni kuhlanganisa abanikazi bezinhlelo ukuze kuxoxiswane ngazo izinhlelo.
- Umnyango weZolimo neZemvelo ukwazile ukwakha ubudelwane obuhle kwezomsebenzi nabalimi abakhulu nalabo abazimele ezindaweni, laba balimi banikeza kokubili ukuhola kanye nolwazi kwezolimo. Ukw-

belana bakwenza nsukuzonke emapulazini abo lokho kwenza amabhizinisi abo abe impumelelo.

- Emihlanganweni yezinhlelo zemisebenzi (amaprojekthi) umnyango weZolimo neZemvelo uyaqinisekisa ukuthi ochwepeshe bakamoba bakwa-SASRI bayatholakala ukusiza nokubhekana nezinqinamba ezikhungele abalimi ngokukhqiqwza komoba.
- Izhlelo zemisebenzi kamoba (amaprojekthi)
- Namasimu kamoba ayizibonele

Sithanda ukubonga futhi umnyango weZolimo neZemvelo ngokwenza izimali zitholakale ukuze kuthengelwe abalimi umanyolo njengoba intengo kamanyolo yenyukile nje.

Ochwepeshe besikhungo socwaningo u-SASRI bazinikele kakhulu ukunika uxhaso nokusebenziana nomnyango weZolimo neZemvelo ukuqinisekisa ukuthi izinhloso zomnyango ziyaphumelela ngonyaka u-2009 nangaphambili kuka-2009.

Siyabanxenxa kakhulu abalimi ukuthi bazinikele ezinhlelweni zemisebenzi (amaprojekthi) bakwazi ukuzimela basebenzise umkhombandlela wakwa-SASRI nezeluleko ezifanele, konke lokhu kungenza umsebenzi wabo uphumelele.

Ngu Thulani Masondo



Enye yama-Projecti axhasiwe Eshowe, Entumeni.

Ezinye zalezizinhlelo zemisebenzi (amaprojekthi) eseziqalile noma ezisaqala ukuthuthukiswa kunyaka ka-2008 ilezi:

Uhlelo lomsebenzi (projekthi)	Isigceme/ Isifunda	Umoba osuthuthukisiwe kulonyaka ka- 2008	Umoba osazothuthukiswa enyakenika-2009	Esewonke ama-Hektare
Inkosazana	Empangeni	50	300	350
uMlalazi	Eshowe/Gingindlovu	378	0	378
KwaKhoza	Eshowe	60	90	150
Sokhulu	Hlabisa	310	140	450
Glendale	KwaDukuza	450	500	950
Gququma	Mshwathi	130	0	130
Swayimane	Mshwathi	0	200	700 (500 ngaphambili kuka- 2009)

AMA-XHAPHOZI NOKUBALULEKA KWAWO

Umlando wamaxhaphozi

Umuntu angazibuza ukuthi igama elithi "ixhaphozi" livela kuphi. Nizokhumbula ukuthi izinto eziningi emandulo zazethiya ngezici ezisondelene nazo, ngokunjalo nexhaphozi lethiya ngo-komsindo owawudalwa izinkomo uma zihamba endaweni enodaka/eyisidaka kuthi XHAPHO....XHAPHO; kwabe sekuthiya iXHAPHOZI. Zonke izilimi zinamagama azo asho ixhaphozi, isi-Lungu sithi-wetland, isiXhosa-umgxobhozo, Tshivenda-matzhava, njll.

Njalo onyakeni ngosuku lwesibili kuNh-lolanja (02 February) kusuke kuwusuku lwamaxhaphozi ezweni lonke. Ngalolu-suku, abantu basukebekhunjuziswa ukuthi amaxhaphosi abaluleke kanjani nanokuthi singawanakekela kanjani.

Liyini ixhaphozi

Ixhaphozi indawo esasiponji lapho amanzi aqhamuka ezintabeni noma ezindaweni ezisazintaba eqoqane-la khona. Amanzi afika ngesivivivi esikhulu eqhamuka ezintabeni bese ebambeka kulesisidaka. Amanzi alen-dawo ahamba kancane futhi isasidaka

indawo yakhona. Kulendawo, kunengx-ubevange yezimila ezithanda amanzi (ikhwani, incema, ibhuma, nezinye) nezilwane (inhlanzi, ingwenya, inyon, nezinye).

Amaxhaphozi abaluleke ngalokhu:

- Akwazi ukuthiba / ukunciphisa amanda ezikhukhula
- Ahlanza amanzi ukuze abantu nemfuyo bathole ukusebenzisa amanzi ahlanzekile
- Alondoloza amanzi bese ewadedela kancane kancane unyaka wonke ukuze imifula yethu esiyisebenzisayo ihlale inamanzi
- Anika impilo enhle nekhaya eziwanenzi eziphila kuwo njengezinhlanzi, izinyoni, nokunye
- Ahlinzeka imfuyo yethu kanye nomphakathi ngamanzi nokudla
- Asihlinzeka ngokokwakha amacansi njengencema, ikhwani nokunye
- Umhlanga osetshenziselwa ukufulela izindlu nomkhosi womhlanga wezintombi, utholakala emaxhaphozini.
- Alawula ukuguguleka komhlaba(thi)

Njengoba sesibonile ukuthi amaxhaphozi abaluleke kakhulu kangakanani,

kuyacaca ukuthi ngeke sakwazi ukuphila ngaphandle kwano, ngakho-ke kubalulekile ukuthi siwonge amaxhaphozi esinawo ezindaweni zethu khona nezikulwane zethu ziyoza nazo emvelweni yethu.

Siyazi-ke ukuthi khona lezozitshalo ezithanda indawo enamanzi kakhulu, njengamadumbe, abalimi kumele uma betshala ngasemaxhaphozini baqikelele ukuthi kwenzeka ngendlela evumelekile enganakulibulala ixhaphozi. Abeluleki bangakusiza kulokhu.

Abalimi bayanxuswa ukuthi uma kuhona amaxhaphozi aselimele/asehlukumezekile/asecekeleke phansi basibikele ukuze senze izinhlelo zokuwalungisa avuselelele.

Ngokunjalo futhi uma abalimi bebona kuhona okwenziwayo okungaba nomthelela omubi exhaphozini basibikele ukuze sitathethe izinyathelo ezizomisa loko. Singakuthokozela kakhulu futhi uma abalimi nomphakathi wonke nje ungasazisa ngamaxhaphozi abanawo ezindaweni zabo ukuze siwvakashele sibone ukuthi yini edinga ukwenziwa kuwo okungaba ukuwavikela, ukwenza umphakathi uzuze ngawo / uhlomule kuwo noma ukuwathuthukisa nje.

Ibhawo ngu Nomalanga Hlophe (uphiko IweZemvelo, DAEA) no Bongani Phewa (SASRI)



Ixhaphozi lase-Mbongolwane umphakathi ozuza kakhulu ngalo.





South African Sugarcane Research Institute

170 Flanders Drive, Mount Edgecombe, KwaZulu-Natal
Telephone: 031-508 7400 Facsimile: 031-508 7597
Private Bag X02, Mount Edgecombe, 4300 Website: http://www.sugar.org.za

Unlocking the Potential of Sugarcane



MASINGANA 2009

S	M	T	W	T	F	S
				1	2	3
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28	29	30	31

- Uma kunohlelo, umsebenzi uhamba kahle. Ngakhoke, qala wakhe uhlelo lomsebenzi ngaphambili kokuvulwa kwezisini ethsa.
- Hlela nabawka P&D ukuba bakholele imbewu yakho njengoba isifo uMbahasa (RSD) siyinkinga. Hlela ukhulolwa kwamasimusi azobulawa umoba ukuze uma enalesifo angatshalwa lutho/aphunyuzwe.
- Umoba ukhula kahle kulenyanga ngakhoke ungawubambezeli ngokungawuhlakuli nokuphuza ukuwufaka isikhuthaza.

NHLOLANJA 2009

S	M	T	W	T	F	S
1	2	3	4	5	6	7
8	9	10	11	12	13	14
15	16	17	18	19	20	21
22	23	24	25	26	27	28

- Uhlelo iwezizini ezoqala kumele ngabeselumi ngomumo. Ingabe usuqalile ukwenza izinhlelo zokuhlahla nezokuvuselela amasimu?
- Bheka uhlelo lakho lokuvuselela amasimu, uqinisekise ukuthi unembewu eyanele futhi esezeningi.
- Gcina imigwaqo, izitubhe, amabhande omlilo nemigudu yamanzi ihlanzekile noma inotshani obusikiwe/fishane.

NDASA 2009

S	M	T	W	T	F	S
1	2	3	4	5	6	7
8	9	10	11	12	13	14
15	16	17	18	19	20	21
22	23	24	25	26	27	28
29	30	31				

- Lena inyanga yokugcina ongafutha ngayo iRound-up ukuqinisekisa ukuthi umoba omdala uyafa-fi uma uzosebenzisa uhlelo lokutshala ungalimanga (minimum till).
- Khumbula izilinganiso zomoba ozohlahlwa ziyingdeka ukuphela kwalenyanga.
- Uma utshala umoba ezindaweni ezinesithwathwa, tshala manje hayi ngo-Mbasa.

MBASA 2009

S	M	T	W	T	F	S
			1	2	3	4
5	6	7	8	9	10	11
12	13	14	15	16	17	18
19	20	21	22	23	24	25
26	27	28	29	30		

- Ubuhle bomoba bubalulekile kakhulu. Qala ukuhlahla ngokusezingeni eliphezu-lu. Ukuhundla umoba ngendlela nokunqamula amathophisi ngokuyiko kuya-siza futhi qikelela ukuthi siba sifishane isikhathi phakathi kokuhlahla nokuthumela umoba emshinini.
- Amasimu ahlelelwel ukubulawa umoba nalawo ahlaselwe isihlava (eldana) mawahlahlw kugala.

NHLABA 2009

S	M	T	W	T	F	S
31					1	2
3	4	5	6	7	8	9
10	11	12	13	14	15	16
17	18	19	20	21	22	23
24	25	26	27	28	29	30

- Isinqumo sokuthi iwaphi amasimu ozowashisa nozowa-phundla/hluba kumele ngabeseluthile – ukuphundla/ukuhluba umoba konga umswakamo kunqande nokhula.
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini akho azotshalwa nakulawo asehlahlwe, uwathumele kwa-SASRI.

NHLANGULANA 2009

S	M	T	W	T	F	S
	1	2	3	4	5	6
7	8	9	10	11	12	13
14	15	16	17	18	19	20
21	22	23	24	25	26	27
28	29	30				

- Hlola onke amabhande omlilo ukuqinisekisa ukuthi anele futhi aphephile.
- Nquma ukuthi uzolwenza kanjani uhlelo lokuchitha umoba onezifo noxubile epulazini lakho. Okokugala, sungula umbhede. Hlela ukutshala ngokushesha. Bekisa imbewu ozoyitshala.
- Bulala izinhlaseli ezithikameza imvelo bese utshala imithi yemvelo.

NTULIKAZI 2009

S	M	T	W	T	F	S
			1	2	3	4
5	6	7	8	9	10	11
12	13	14	15	16	17	18
19	20	21	22	23	24	25
26	27	28	29	30	31	

- Ukuhuka isikhuthaza kumele kuqale ngo-Ncwaba ngakhoke qinisekisa ukuthi usunayo okuyiso nesibalo samasaka okuyiso nokuthi okokuwufaka kusesimweni.
- Lesi isikhathi sokubulala amavolontiya emasimini alindele ukutshala – qinisekisa ukuthi uyawamba uwasuse ensimini ngaphambi kokutshala ngoba angathwala zifizo.

NCWABA 2009

S	M	T	W	T	F	S
30	31					1
2	3	4	5	6	7	8
9	10	11	12	13	14	15
16	17	18	19	20	21	22
23	24	25	26	27	28	29

- Onke amasimu asehlahlwe adinga isikhuthaza ku-Ncwaba no-Mandulo, qinisekisa uyakwenza loku ngokushesha.
- Tshala emva kwezimvula zokujala. Ngabe imbewu yakho isihloliwe? Ingabe usunayo imvume yabezifo nezinambuzanda (P&D) yokusebenzisa lembewu yakho?
- Ezindaweni lapho isifo I-Mosaic siyinkinga khona, ukutshala kumele kusheshe kuqale futhi kuphele engakafiki u-Zibandlela.

MFUMFU 2009

S	M	T	W	T	F	S
				1	2	3
4	5	6	7	8	9	10
11	12	13	14	15	16	17
18	19	20	21	22	23	24
25	26	27	28	29	30	31

- Hlola insimu ngayinye masonto onke ukuze wakhe uhlelo lokuhlakula.
- Amasimu aseduze nomgwaqo nasehabathini washiyele ukwahlahla ngenkathi kumanzi.
- Bhalisela uqequesha ozodinga ukulwenza ngenkathi umshini uvaliwe. Kunoxhaso kulezfundo, thintana nekomiti labalimi endaweni (MCC).

LWEZI 2009

S	M	T	W	T	F	S
1	2	3	4	5	6	7
8	9	10	11	12	13	14
15	16	17	18	19	20	21
22	23	24	25	26	27	28
29						